

It starts with a story...

Literacy in a nutshell!

Each year on 8 September the world celebrates International Literacy Day. On this day we think about the role that reading and writing plays in our lives and we remember that there are 785 million people across the world who are not literate. Here are 10 important things about literacy that we'd like to share with you.


Ngamafuphi nje ngokwazi ukufunda nokubhala!

Minyaka yonke mhla ziyi-8 kuMandulo umhlaba wonke ugubha Usuku Lomhlaba Lokwazi Ukufunda Nokubhala. Ngalolu suku sicabanga ngeqhaza elibanjwa ukufunda nokubhala ezimpilweni zethu, futhi sikhumbula nokuthi bayizigidi eziyi-785 emhlabeni wonke abantu abangakwazi ukufunda nokubhala. Nazi izinto eziyi-10 ngokwazi ukufunda nokubhala esingathanda ukwabelana ngazo nawe.

1

In South Africa, only 14% of us are active book readers and only 5% of all parents read to their children.

ENingizimu Afrika, singama-14% kuphela abantu abafunda izincwadi kanye nabazali abangama-5% kuphela abafundela izingane zabo.



Hearing new words used in stories develops children's vocabulary and gives them rich language to draw from when they write their own stories.

Ukuzwa amagama amasha asetshenziswa ezindabeni kuthuthukisa amagama aziwa yizingane, futhi kuzinikeza ulimi olunothile ezingathathela kulo uma sezibhala izindaba zazo.



2

Young children learn to read and write easily when they know that reading and writing are useful and enjoyable activities. For this to happen, they need lots of experiences with stories and books.

Izingane ezincane zifunda ukufunda nokubhala kalula uma zazi ukuthi ukufunda nokubhala kuyinto ewusizo nethokozelekayo. Ukuze kwenzekwe lokhu, zidinga ukuba nezinto eziningi ezenzeka ezimpilweni zazo eziphathelene nezindaba nezincwadi.



As adults we always write for real reasons: to write a shopping list, to leave a note for someone, to fill in forms, to create a story. As children learn to write, they learn why we write as well as how to write.

Njengabantu abadala sikhale sibhalela izizathu ezahlukene: ukubhala uhlu lwezinto ezizothengwa, sibhalela umuntu othile incwadi encane, ukugcwalisa amafomu, ukubhala indaba. Ngesikhathi izingane zifunda ukubhala, zifunda nokuthi kungani sibhala nokuthi sibhala *kanjani*.

3

When you read aloud to children and they enjoy the story, they see reading as a satisfying and enjoyable activity. This motivates them to want to read for themselves. It also encourages them to have a lifelong relationship with books.

Uma ufundela izingane kakhulu futhi ziyithokozela indaba, zibona ukufunda njengomsebenzi ogculisayo nothokoziwayo. Lokhu kuzikhuthaza ukuthi zifune ukuzifundela. Kubuye kuzikhuthaze ukuthi zibe nobudlelwane empilweni yazo yonke nezincwadi.



Children are able to understand and enjoy stories that are beyond their own reading ability when they hear them read aloud.


Izingane zikwazi ukuqonda nokuthokozela izindaba ezingaphezu kwamazinga azo okwazi ukufunda uma zizizwa zifundwa kakhulu.



4

Children learn from your example. If you want them to become literate, they need to see you using reading and writing in different ways in your daily life.

Izingane zifunda ngokubonela kuwe. Uma ufunda zikwazi ukufunda nokubhala, kufanele zikubone usebenzisa ukufunda nokubhala ngezindlela ezahlukene empilweni yakho yansuku zonke.



You can't learn to read if you don't have anything to read, and you can't learn to write if you don't have anything to write with or on! Children need to be able to easily find books that interest them, and paper, pencils and crayons to write and draw with.

Angeke ufunde ukufunda uma ungenakho ozokufunda, futhi angeke ufunde ukubhala uma ungenayo into ozobhala ngayo noma ozobhalela kuyo! Izingane kumele zikwazi ukuzithola kalula izincwadi ezizihlaba umxhwele, kanye namaphepha, amapensela namakhrayoni ezizobhala bese zidweba ngawo.

5

Reading aloud shows children how we read and how books work. Knowing this makes it much easier for them to learn to read for themselves.

Ukufunda kakhulu kuzwakale kukhombisa izingane ukuthi sifunda kanjani nokuthi zisebenza kanjani izincwadi. Ukwazi lokhu kwenza kube lula kakhulu kuzona ukuthi zifunde ukuzifundela.



10

Children who are good readers at school, are often the ones who read with family and friends after school.

Izingane ezifunda kahle esikoleni kuvamise ukuthi kube yilezo ezifunda nomndeni nabangani uma sekuphume isikole.



Drive your imagination

Read to me. Book by book.
Ngifundele. Incwadi nencwadi.



It starts with a story...



Drive your imagination

Story stars



A reading ambassador

At 13 years old, Ammaarah Galant is the Public Relations Officers for the Young Authors' Club in Cape Town, where she has been a member since 2011. We asked Ammaarah why she loves reading and why she thinks all children should join a reading club.

What made you join the Young Authors' Club?

I used to watch the members of the Young Authors' Club – YACCERS – perform at our assemblies. They would sing, dance, read aloud and recite poems with lots of expression, and it excited me! That made me eager to join.

Tell us about the club.

We are a reading club that wants to promote literacy – listening, speaking, reading and writing. Reading is a life skill you carry with you – you need it to do lots of things. At the club we get to develop our writing so that we can become authors one day if we want to.

What do you do at the club?

We discuss poetry, dramatise stories and write our own stories. Once we did an activity where we had to pick an object and write about it. We choose things from the news and talk and write about these events.

How often do you read? Where do you get your books?

I try to read as much as I can. As soon as I finish a book, I start another, usually every three weeks. I either get my books from our club or from the library.

What is your favourite book and author?

I love *Judy Moody's Not a Bummer Summer* by Megan McDonald. I can relate to it because I'm also a teen. I've read it three times! I also love books by Roald Dahl. He is wickedly funny. He writes about things that are not normal – but in a good way.

Why do you love reading?

It transports me to an amazing place. It relieves me from the stress we have as teens.



Ammaarah Galant with famous children's author, Niki Daly, and Brenda Rhode
U-Ammaarah Galant kanye nombhali wezincwadi zezingane odumile,
uNiki Daly, noBrenda Rhode

Abavelele ezindabeni

Inxusa lokufunda

Uneminyaka eyi-13 nje kuphela, u-Ammaarah Galant unguMxhumanisi Nompakathi weThimba Lababhali Abasebancane eKapa, ayilungu lalo kusukela ngowezi-2011. Sibuze u-Ammaarah ukuthi kungani ethanda ukufunda nokuthi kungani ecabanga ukuthi izingane zonke kumele zihlanganyele ethimbeni lokufunda.

Yini eyakwenza wangena eThimbeni Lababhali Abancane?

Ngangivame ukubuka amalungu eThimba Lababhali Abancane – i-YACCERS – ekhangisa ngamakhono awo embuthanweni wangaphambi kokungena kwesikole. Babecula, badanse, bafunde kakhulu bahaye nezinkondlo bekhombisa imizwa, kanti lokhu kwangihlaba umxhwele! Lokhu kwangenza nganogqozi lokungena kubo.

Sitshele ngaleli thimba.

Siyithimba lokufunda elifuna ukukhuthaza ukwazi ukufunda nokubhala – ukulalela, ukukhuluma, ukufunda nokubhala. Ukufunda kuyikhono lempilo ohamba nalo njalo – uyalidinga ukuze wenze izinto eziningi. Ethimbeni lokufunda sihuthukisa indlela esibhala ngayo ukuze sikwazi ukuba ababhali ngelinye ilanga uma sifuna.

Nenzani ethimbeni lokufunda?

Sidingida izinkondlo, silingise izindaba bese sibhala izindaba zethu. Ngelinye ilanga sake senza umsebenzi wokukhetha into eyodwa bese sibhala ngayo. Sikhetha izinto ezisezindabeni bese sixoxa, sibhale ngalezi zigigaba.

Ufunda kangaki? Uzitholaphi izincwadi zakho?

Ngiyazama ukufunda kaningi ngendlela engingakwazi ukwenza ngayo. Uma ngiqeda incwadi, ngiqala enye; lokhu ngejwayele ukukwenza njalo nje emva kwamasono amathathu. Izincwadi zami ngizithola ethimbeni lethu noma emtatsheni wezincwadi.

Iyipi incwadi oyithandayo, kanye nombhali omthandayo?

Ngithanda u-*Judy Moody's Not a Bummer Summer* kaMegan McDonald. Ngiyakwazi ukuyizwa kahle ngoba nami ngiyitshitshi. Sengiyifunde kathathu! Ngiyazithanda nezincwadi zika-Roald Dahl. Akave ehlekisa! Ubhala ngezinto ezingejwayekile – kodwa ngendlela emnandi kabi.

Kungani uthanda ukufunda?

Kungiyisa ezindaweni ezimangalisayo. Kungiphungulela ingcindezi esiba nayo njengamabhungu namatshitshi.



Send us your reading moments and WIN!

Take a photo of your children reading for enjoyment this International Literacy Day and send it to us to inspire others to capture their children's reading moments too. Simply email your reading moment picture to info@nalibali.org, or share it on Twitter using the hashtag #ReadingMoments. If selected, your photo will appear on the Nal'ibali Facebook page, and you will receive a book to enjoy with your children, as well as a Nal'ibali T-shirt!

Thumela izikhathi zenu zokufunda bese UWINA!


Thatha isithombe sezingane zakho zifundela ukuzithokozisa ngalolu Suku Lomhlaba Lokwazi Ukufunda Nokubhala bese usithumelela sona ukuze sikhuthaze abanye ukuthi bathathe izithombe zezikhathi zokufunda zezingane zabo. Vele usithumelele isithombe sakho sesikhathi sokufunda ku-info@nalibali.org, noma wabelane ngaso ku-Twitter ngokusebenzisa u-hashtag #ReadingMoments. Uma isithombe sakho sikhethiwe, sizovela ekhasini likaNal'ibali laku-Facebook, uzobe usuthola incwadi ozoyithokozela nezingane zakho, kanye nesikibha sakwaNal'ibali!

Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

Zakhele eyakho incwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina

1. Khipha ikhasi lesi-3 ukuya kwele-6 kulesi sithasiselo.
2. Asonge abe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Asonge abe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



Gaps lifted the book off the egret's head and took it to the librarian at her desk. "Now we can take it home," said Gaps.

UZikhala wayethula incwadi ekhanda lelanda wayisa kumsizi wasemtsheni wezincwadi edeskini lakhe. "Manje-ke sesingaya nayo ekhaya," kusho uZikhala.



Gaps smiled. "You must open the book," he said. "Yes, I know that," said the egret. He opened the book and put it back on his head. "Yes, it's much better this way," he said.

Wamamthekeka uZikhala. "Kumele uyivule incwadi," kusho yena. "Yebo, ngiyakwazi lokho," kusho ilanda. Layivula incwadi, layithwala. "Yebo, kungcono kakhulu uma ngiyithwele kanje," kusho lona.



Fold

I know that! Ngiyakwazi lokho!



Maryanne Bester
Shayle Bester




We publish what we like

This is an adapted version of *I know that!*, published by Jacana Media and available in bookstores and on-line from www.jacana.co.za. This story is available in isiZulu, isiXhosa, Afrikaans, English, Siswati, Xitsonga, Tshivenda and isiNdebele. Jacana publishes books for young readers in all eleven official South African languages. To find out more about Jacana titles go to www.jacana.co.za.

Funda indaba yokuqala, *Ngiyakwazi lokho!*, eyashicilelwa ngabakwa-Jacana Media kanti itholakala ezitolo zamabhuku kanye naku-inthanethi ekhelini elithi: www.jacana.co.za. Le ndaba iyatholakala futhi ngesiNgesi, isiXhosa, isiBhunu, isiSwati, isiTsonga, isiVenda nesiNdebele. Abakwa-Jacana bashicilela amabhuku abafundi abasha ngazo zonkeizilimi ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika. Ukuthola ulwazi ngezihloko ze-Jacana ngena ku: www.jacana.co.za.

© Jacana Media (South African rights only) Tel: (011 628 3200)

Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Fold


“Ngibukeka kanjani?”
 layithwala ekhanda.
 mmandi! Ngakho
 neze iyinto engaba
 Cha, yayingabukeki
 kubuza lona.

“How do I look?” he asked.
 on his head.
 at all! So he put the book
 No, it didn't look delicious



Lathi ukuyiqhfoza ngomlomo
 walo ocille.

Then he tapped it with his beak.



Ilanda layinuka incwadi.

The egret sniffed the book.



“Where are you going?” asked the youngest cattle egret.

Gaps, the Nguni calf, was walking fast. “I’m going to the library,” he said.

“Uyaphi?” kubuza ilanda elincane.

UZikhala, inkonyane leNguni, wayehamba eshesha.
 “Ngiya emtatsheni wezincwadi,” kusho yena.



UZikhala wathula wangasho lutho – wayengathandi
 ukuthi ilanda liphatheke kabi.

“Ngiyakwazi lokho,” kusho ilanda elincane.

“Akudingekile ukuthi siyikhokhele. Singazeboleka
 izincwadi emtatsheni wezincwadi. Uma sesiqedile
 ukuzifunda, siyazibuyisela.”

“Ibiza malini incwadi?” kubuza ilanda.

Gaps said nothing – he didn't want the egret to feel bad.

“I know that,” said the young cattle egret.

“We don't have to pay for it. We can borrow books from
 the library. When we've read them, we bring them back.”

“How much does the book cost?” asked the egret.



The youngest egret flapped his wings. “More books! I want more books ... and I know just where to find them!”

“How did I know you'd say that?” laughed Gaps.

Ilanda elincane labhakuzisa amaphiko alo. “Ezinye
 izincwadi futhi! Ngifuna ezinye izincwadi eziningi ...
 sengiyazi ukuthi zitholakala kuphi!”

“Ngaze kanjani konje ukuthi uzosho lokho?”
 kuhleka uZikhala.

Basuka-ke baye ekhaya. Uzikhala wahlala esiqongweni segquma, wase ebeka incwadi eceleni kwakhe. Ilanda lajabula kakhulu laze lagxumela phezu kwencwadi. Ngaphambi kokuba uzikhala akwazi ukulikhiza lashelela lashushulaza lawela phezu kwesihlahla sameva!

And so they went home. Gaps sat down on the crest of a hill, and put the book down next to him. The egret was excited and he jumped onto the book. Before Gaps could stop him he slid down the hill and landed in a thorn tree!



Then suddenly, Gaps closed the book.

“No, don’t stop,” said the egret. “I don’t know how it ends.”

“You DON’T know?” said Gaps. “Let’s read on then!” And he read right until the end of the story.



UZikhala wase eyivala ngokushesha incwadi.

“Cha, ungayeki bo,” kusho ilanda. “Angazi ukuthi indaba iphetha kanjani.”

“AWAZI?” kubuza uZikhala. “Asiqhubeke nokufunda-ke!” Wase efunda waze wafika ekugcineni kwendaba.

“Yima,” kusho uZikhala. Ilanda labuka uZikhala ethula incwadi esholofini lezincwadi. Wayinika ilanda.



“Wait,” said Gaps. The egret watched Gaps reach up and pull a book off a shelf. He gave it to the egret.

“Oh, the library... Will we find some delicious insects there?” The young egret loved to eat the insects that were kicked up by the calf’s hooves.

“The library is where we find books to read,” said Gaps.

“I know that,” said the egret.

Gaps said nothing – he didn’t want the young egret to feel bad.

“Wo, emtatsheni wezincwadi... Sizozithola nje izinambuzane ezimnandi lapho?” Ilanda elincane lalithanda kakhulu ukudla izinambuzane ezazigujwa yizinselo zenkonyane.

“Emtatsheni wezincwadi ilapho sithola khona izincwadi zokufunda,” kusho uZikhala.

“Ngiyakwazi lokho,” kusho ilanda.

UZikhala wathula wangasho lutho – wayengafuni ukuthi ilanda elincane liphatheke kabi.



When the young egret went inside, he saw what looked like stripes on the walls. Gaps was walking around, peering at the stripes. They didn't look delicious at all.

"What beautiful stripes," said the egret at last. "Can we go home now?"

Ilanda elincane kwathi uma lingenca ngaphakathi, labona okusengathi yimidwa obonden! Uzikhala wayehamba eyibuka le midwa. Yayingabukeki neze iyinto emnandi.

"Yaze yamhile bo imidwa," kusho ilanda makhathaleni. "Ngabe sesingagoduka siye ekhaya manje?"



The egret hurried along beside Gaps. Perhaps, he thought, these books would taste even better than insects.

Soon they reached the library.

Ilanda lalihamba lishesha eceleni kukaZikhala. Lalizicabangela nje ukuthi mhlawumbe lezi zincwadi zizonambitheka kangcono kunezinambuzane.

Basheshe bafika emtatsheni wezincwadi.

Fold

"Kumele uzinakekele izincwadi," kusho uzikhala. "Ngikwazi lokho," kusho ilanda. "Angizange ngiwase nakancane amehlo ami kuyo."

Uzikhala waphfumula kancane kodwa wangasho lutho.



"You must take care of books," said Gaps. "I know that," said the egret. "I didn't let it out of my sight for a minute."

Gaps sighed, but he said nothing.

He picked up the book and began to read aloud. The egret listened as Gaps read a story about things he had never heard of. He read about magical creatures, great feasts and daring journeys.



Wathatha incwadi waqala ukufunda kakhulu. Ilanda lalalela ngesikhathi uZikhala efunda indaba eyayikhuluma ngezinto elalingakaze lizwe ngazo. Wafunda ngezilwane ezinomlingo, amadili amakhulu nezinkambo ezethusayo.

Fold

Get creative!

Here are a few activity ideas for celebrating International Literacy Day and National Book Week which runs from 1 to 6 September 2014. The activities help to introduce children to books they haven't read before and also provide opportunities for them to remember and talk about books they have already enjoyed. Try choosing ones that are best suited to your children and their interests. Enjoy the celebration of books!


Create a book buffet

1. Get a collection of books together that your children have not read before – borrow them from a library or friends! (If you are doing this activity at a reading club or in your classroom, you will need one book per child. If you are doing it at home, choose about 10 different books.)
2. Arrange the books in a circle on the floor or on the children's chairs or desks.
3. Ask the children to sit down and read one of the books until a timer goes off. (Set a timer or stop watch for about 5 to 8 minutes.)
4. When the timer goes off, the children need to move to the next book and read that one. It does not matter if they have not finished the previous book.
5. Let them carry on until they have had a chance to read all the books.



Dress up

Encourage your children to dress up as their favourite book character. (If you are at a reading club, ask the parents and caregivers to help their children decide what they will wear.) You can keep it simple by letting the children make paper masks of the characters to wear. Have a parade and photo shoot of all the characters.



Create a poster

Give your children large sheets of paper, crayons, kokis, glue, scissors, and old magazines and newspapers to use to make their own International Literacy Day posters. Encourage them to think about what message about reading and writing they want to communicate through their posters. Display their posters at home or at your reading club – or ask your local library to display them!



Spread the word

Collect old books and magazines and put them in a decorated box outside your home or reading club. Make a sign which says: "Help yourself to one and enjoy reading it." Place the sign near or on the box and watch as people help themselves to reading material!

Veza ubuciko bakho!

Nanka amacebo ambalwa okugubha Usuku Lomhlaba Lokwazi Ukufunda Nokubhala kanye neSonto Likazwelonke Lezincwadi oluqala mhla lu-1 ukuya mhla ziyi-6 kuMandulo wezi-2014. Le misebenzi isiza ukwazisa izingane ngezincwadi ezingakazifundi phambilini kanye nokuzihlinzeka ngamathuba okuba zikhumbule futhi zixoxe ngezincwadi esezizithokozele. Zama ukukhetha lezo ezihambisana nezingane zakho nalokho ezikuthandayo. Thokozela umkhosi wezincwadi!

Yenza idili lezincwadi eziningi

1. Thola iqoqo lezincwadi izingane zakho ezingakaze zizifunde phambilini – zebileke emtatsheni wezincwadi noma kubangani! (Uma wenza lo msebenzi ethimbeni lokufunda noma eklasini, uzodinga incwadi eyodwa yengane ngayinye. Uma lokhu ukwenza ekhaya, khetha izincwadi ezilinganisela kweziyi-10 ezahlukene.)
2. Beka izincwadi zakhe isiyingi phansi noma ezihlalweni noma emadeskini ezingane.
3. Cela izingane ukuthi zihlale phansi bese zifunda enye yezincwadi kuze kukhale iwashi elikala isikhathi. (Cupha iwashini elikala isikhathi ukuba likhale emizuzwini engaba mi-5 ukuya kweyisi-8.)
4. Uma sekukhala iwashi, izingane kumele zedlulele encwadini elandelayo bese ziyifunda. Akunandaba ukuthi bezingakayiqedi incwadi eyandulela le.
5. Zivumele ziqhubeka zize zibe nethuba lokufunda zonke izincwadi.

Gqoka njengabalingiswa

Khuthaza izingane zakho ukuthi zigqoke njengabalingiswa bencwadi ezibathandayo. (Uma usethimbeni lokufunda, cela abazali kanye nabanakekela izingane ukuthi basize izingane zabo ukuthi zinqume ukuthi zizogqokani.) Ungenza lokhu kube lula nje ngokuvumela izingane ukuthi zigqoke amamaski ephepha abalingiswa. Benze babukise, futhi uthathe izithombe zabo bonke abalingiswa.



Yakha iphosta

Nika izingane zakho amaphepha amakhulu, amakhrayoni, amakhokhi, iglu, izikele kanye namaphephabhuku namaphephandaba amadala ukuze zizenzele awazo amaphosta oSuku Lomhlaba Lokwazi Ukufunda Nokubhala. Zikhuthaze ukuthi zicabange ngokuthi imuphi umyalezo ezifuna ukuwudlulisa mayelana nokwazi ukufunda nokubhala ngamaphosta azo. Phanyeka amaphosta azo ekhaya noma ethimbeni lakho lokufunda – noma ucele osiza emtatsheni wezincwadi wangakini ukuba abukise ngawo!

Ake niwuhlabe niwulawule

Qoqa izincwadi namaphephabhuku amadala bese ukufaka ebhokisini elihlotshisiwe ngaphandle kwekhaya lakini noma kwendawo yethimba lakho lokufunda. Yenza uphawu oluthi: "Zithathele eyodwa bese uthokozela ukuyifunda." Beka uphawu eduze noma phezu kwebhokisi bese ubuka ngenkathi abantu bethatha lokho okungafundwa!

In your next Nal'ibali supplement:

- Passing on your family stories
- A cut-out-and-keep book, *Theo and the cat burglar*
- Enter our Heritage Day Family Stories competition
- A new Story Corner story, *Lwazi and the go-kart*

Ask the experts: Do you have a question about reading and writing with your children, or about reading clubs? Send your literacy questions to info@nalibali.org with "Ask the experts" in the subject line. Our team of literacy experts will send you a response!

Find us on Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA
Sithole ku-Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA



Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Ukudlulisela kwabanye izindaba zomndeni wakho
- Incwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina ethi, *UTheo kanye nomgqokezi ontshontsha amakati*
- Ngenela umncintiswano wethu weZindaba Zomndeni Wosuku Lwamagugu
- Indaba entsha yeKhona Lezindaba, *ULwazi nenqola*

Buza ochwepheshe: Ngabe unemibuzo mayelana nokufunda nokubhala nezingane zakho, noma mayelana nethimba lokufunda? Thumela imibuzo yakho ngokwazi ukufunda nokubhala ku-info@nalibali.org ubhale uthi: "Ask the experts" emgqeni ochaza ukuthi imayelana nani i-imeyili yakho. Uzothunyelwa impendulo yithimba lethu lochwepheshe ngokuphathelele nokwazi ukufunda nokubhala!

Celebrate your story.
Celebrate International Literacy Day.



Thokozela indaba yakho.
Gubha Usuku Lokwazi Ukufunda
Nokubhala Lomhlaba Wonke.

